

Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric



Collected and collated by

teachme2



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA (SAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2021

AMAMAKI: 40

ISIKHATHI: Amahora ayi-1½

Leli phepha linamakhasi yi-5.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha LINESIQEPHU ESISODWA:
IMIBHALO (40)
2. Phendula YONKE imibuzo.
3. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
4. Dwebela emva kombuzo ngamunye.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.
6. Yeqa umugqa emva kwaleyo naleyo mpendulo.
7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
8. Hlela isikhathi kanje:
UMBZO 1: Imizuzu engama-45
UMBZO 2: Imizuzu engama-45
9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

IMIBHALO

- Kulesi siqephu umfundi uzophendula imibuzo NGENCWADI EYODWA kuphela.
- Amamaki alesi siqephu esewonke angama-40.

UMBUZO 1: IZINDABA EZIMFISHANE**ISILILO – Gugulethu B Mazibuko****'IBHODLELA' – Khethiwe Agrineth Mkhize**

Funda isiqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo.

ISIQESHANA A

Eceleni kwakhe kulele indodakazi yakhe eneminyaka eyisithupha. Yona izihonela obudala ubuthongo. **Ayazi nokuthi lidume kuphi.** UMaNkwali yena uthatha ebeka ngemicabango. Agcine eseyiphimisela le micabango yakhe kube sengathi kukhona ahleba naye.

'Kuyoze kube nini ngiququdwa usizi nomzwangedwa. Side phela lesi sikhathi. 5
Iminyaka emibili yonke ngilindile! Ngilokhu ngithi uzobuya uMandla edolobheni kodwa do! Sengakhala ngazigojana nginethemba lokuthi uzobuya. Kwake kwangenza ukufa kukababezala nomamezala! Yibo kuphela abantu ababezifela ngami kulo muzi. Kuyoze kube nini ngiwengamele ngedwa ngibe ngithi nginomyeni? Selokhu ngamgcina kuzofihlwa abazali bakhe. Yake yangilaya nale moto eyabulala ubaba 10
nomama ngoba yibona abantu ababenza isimo sibe ngconywana lapha ekhaya.

- 1.1 Ubani olele eceleni kukaMaNkwali? (1)
- 1.2 Fingqa ngamaphuzu AMABILI kafushane ukuthi ubalisa ngani uMaNkwali? (2)
- 1.3 Bhala izinto EZIMBILI ezitshengisa ukuthi abazali bomyeni kaMaNkwali babemthanda umakoti wabo. (2)
- 1.4 Ikhuluma ngani le ndaba ngegama elilodwa. (1)
- 1.5 Sizathu sini esenza umyeni kaMaNkwali ahambe isikhathi eside engabuyi ekhaya? (2)
- 1.6 Walithola kanjani uMaNkwali ikheli lomuzi womyeni wakhe owawusedolobheni? (2)

1.7 Khetha impendulo efanele kulezi ezilandelayo.

Ukuthi '**Ayazi nokuthi lidume kuphi**'.

Kusho ukuthi:

- A Ayazi ukuthi lina kuphi.
- B Ayazi ukuthi izohamba nini.
- C Ayazi nokuthi kwenzekalani.
- D Uyazi ukuthi izodlani

(1)

1.8 Ngamaphuzu AMABILI veza ukuthi yini sithi uMaNkwali uyakholelwa ekusebenziseni imithi.

(2)

1.9 Umyeni kaMaNkwali uvezwe njengomlingiswa ongathembekile. Fakazela Lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU.

(3)

1.10 Umyeni kaMaNkwali wayephila impilo enethezekile/ephezulu edolobheni? Fakazela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA.

(2)

1.11 Ngokucabanga kwakho kungabe uMakwali lalizomsiza ibhodlela? Sekela impendulo yakho.

(2)

[20]

KANYE

UMBUZO 2: IZINDABA EZIMFISHANE

ISILILO – Gugulethu B Mazibuko

'UZINYOBULALA' – Mandla Maurice Ndlovu

Funda isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo.

ISIQESHANA B

'Usakhumbula nje ukuthi uhlanganisa iminyaka emingaki?' Kubuza uyise uMusa egcona indodakazi yakhe **eqeda ukuyanga esihlathini**. 'Konje sengineminyaka emingaki manje? Hho, ngakhumbula, isingamashumi amane,' esho ehleka naye egcona uyise. 'Ungasheshi ujahe leyo minyaka mntanami. Siyeza isikhathi sakho lapho uyobe usunezinto eziningi ezizobe sezibhekene nawe ngqo,' kungenelela unina, uDudu. 'Hhawu! Ezinjengani nje mama?'

'Phela ngaleso sikhathi uzobe usunomndeneni wakho, sekudingeka ukuba unakekele izingane zakho,' kwenaba uDudu emamatheka.

'Ngeke ngize ngishade mina mama, futhi angikuthandi ukuba nezingane. Engikufisayo nje ukuba ngifunde bese ngithola umsebenzi ozongikhokhela kahle ukuze ngiphile impilo enethezekile,' **kusho uLihle eseswacile** kubonakala ukuthi akayizwa ngempela le nto eshiwo unina.

2.1 Ubani igama likababa kaLihle?

(1)

- 2.2 Ngokwesiqeshana esingenhla uLihle uthi useneminyaka emingaki? (1)
- 2.3 Bhala izipho EZIMBILI uLihle azithengelwa abazali bakhe. (2)
- 2.4 Onjani umuntu obizwa ngozinyobulala? (2)
- 2.5 Nikeza umehluko okhona phakathi kwempilo ebonakala iphilwa nguLihle ngosuku lomcimbi nempilo ephilwa ngabazali bakhe. (2)
- 2.6 Khetha impendulo efanele:
- 2.6.1 Ukuthi: '**Eqeda ukuyanga esihlathini**', kuchaza ukuthi: (1)
- A Eqeda ukumthinta ekhanda.
 - B Eqeda ukumshaya ingalo.
 - C Eqeda ukumqukula.
 - D Eqeda ukumqabula.
- 2.6.2 Ukuthi: '**Kusho uLihle eswacile**', kuchaza ukuthi: (1)
- A Esho ejabulile.
 - B Esho enokumamatheka.
 - C Esho ejabhile.
 - D Esho enganaki.
- 2.7 Bhala izinto EZIMBILI ezifakazela ukuthi le ndaba yenzeka esikhathini samanje. (2)
- 2.8 Ubani umlingiswa omkhulu kule ndaba? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)
- 2.9 Uthini umyalezo wale ndaba ngokubona kwakho? (2)
- 2.10 Ngokucabanga kwakho yayizoba njani impilo kaLihle ukuba wayengenaye umngani onjengoMbali? (2)
- 2.11 Umbhali uphumelele kanjani ukuveza imiphumela emibi yokuthumela izithombe zabantu ezinkundleni zokuxhumana (kuma-'social network')? (2)

[20]**AMAMAKI ESEWONKE: 40**